



# Nalibali

It starts with a story...

## Making good use of your library

**When you were growing up did you have a library at your school or near your home that you visited regularly? And, what experiences of using the library are you offering your children now? In South Africa, far too many people still do not have access to libraries but those of us who do, have a wonderful resource to draw on and to expose our children to. Here are some opportunities that libraries offer your children:**

- ★ The more books that children read, the better readers they become so they need lots of books! Most libraries stock information and fiction books as well as magazines and study guides in their special children's and teen sections. We all know that books are expensive and libraries offer a wider variety of reading material than we could ever own – and it is free!
- ★ Many libraries have reading material in more than one South African language. Choose books in home language/s to share inspiring stories and to develop your children's concepts and knowledge. Remember picture books are also a great way to help learn a new language!
- ★ Weekly or fortnightly trips to the library help your children to have a regular 'date' with books and get them into the habit of reading – something they can enjoy for the rest of their lives!

- ★ Some libraries offer activities especially for children that encourage them to have fun with books. Look out for storytelling times, puppet shows and school holiday programmes at your library and then take your children along to participate.
- ★ Learning how to use the library is an important skill. Encourage your children to ask for help from library staff. Remember, though, that librarians can point out what is available but you may still need to help younger children select from these the books they wish to borrow.
- ★ If you are running a reading club, the library is a great source of reading material – you'll have a constant supply of a wide variety of books and it doesn't cost you a cent! Visit the library regularly to exchange the books you have borrowed for other ones. Remember to teach reading club members to treat library books with extra care so that they can be enjoyed by lots of other people!



info@nalibali.org

## Ukusebenzisa kahle umtapo wakho wezincwadi

**Ngabe bewunawo umtapo wezincwadi esikoleni sakho noma eduze nekhaya lakho owawuwuvakashela njalo ngesikhathi ukhula? Ngabe ikuphi owakuthola ekusebenziseni umtapo wezincwadi osuhlinzeka ngakho izingane zakho manje? Bangingi abantu eNingizimu Afrika abangakwazi ukufinyelela emitatsheni yezincwadi, kanti labo bethu abakwaziyo banomthombo omuhle abangathola kuwo okuthile nathi nesingahambisa izingane zethu kuwo. Nanka amanye amathuba imitapo yezincwadi ewavulela izingane zakho:**

- ★ Uma ziningi izincwadi izingane ezizifundayo zizoba abafunda kangcono, ngakho zidinga izincwadi eziningi! Imitapo yezincwadi eminingi iba nezincwadi ezinika ulwazi kanye neziphathelene nezindaba ezingewona amaqiniso kanye nezinsiza zokutadisha ezindaweni ezikhethekile zezingane ezincane kanye nalezo ezineminyaka ephakathi kweyi-13 neyi-19. Siyazi sonke ukuthi ziyabiza izincwadi kanti imitapo yezincwadi inezincwadi ezahlukene neziningi kunalezo ebesingaba nazo – futhi azikhokhelwa!
- ★ Imitapo yezincwadi eminingi inezincwadi zezilimi ezingaphezu kolimi lwaseNingizimu Afrika olulodwa. Khetha izincwadi ezingolimi noma izilimi zasekhaya ukuze wabelane ngezindaba ezinikeza intshisekelo futhi ukuze uthuthukise ukucabanga nolwazi lwezincwadi zakho. Khumbula ukuthi

izincwadi ezinezithombe ziyindlela enhle yokufunda nolimi olusha futhi!


- ★ Uhambo lwamasonto onke noma lwanjalo ngemuva kwamasondo amabili lokuya emitatsheni wezincwadi lusiza izingane zakho ukuthi zibe 'nosuku' olujwayelekile nezincwadi, luzisiza ukuthi zijwayele ukufunda – into ezingayithokozela impilo yazo yonke!
- ★ Eminye imitapo yezincwadi iba nemisebenzi ehlelelwe izingane ezigqaguzela ukuthi zizijabulise ngezincwadi. Bhekani izikhathi zokuxoxa indaba, imbukiso yamaphaphethi kanye nezinhlelo ezenzeka ngezikhathi zamaholide esikole bese uhambisa izingane zakho ukuze zibambe iqhaza.
- ★ Ukufunda ukuthi ungawusebenzisa kanjani umtapo wezincwadi kuyikhono elibaluleke kakhulu. Gguguzela izingane zakho ukuthi zicele ukusizwa abasebenza emitatsheni wezincwadi. Khumbula ukuthi abasebenza emitatsheni wezincwadi bangasho ukuthi yini ekhona kodwa kusengadingeka ukuthi usize izingane ezincane ukukhetha izincwadi ezifuna ukuziboleka.
- ★ Uma ukwazi ukuba nethimba lokufunda, umtapo wezincwadi ungumthombo okahle wezincwadi ezingafundwa – uzohlale unezincwadi eziningi ezahlukene kanti angeke ukhokhe lutho! Vakashela umtapo wezincwadi njalo ukuze ubuyise izincwadi obuzithathile bese uthatha ezinye. Khumbula ukufundisa amalungu ethimba lokufunda ukuthi apha the izincwadi ngokunakekela ukuze zijabulelwe abanye abantu abaningi!



Drive your imagination

Dreaming big for our children.  
It starts with a story...

Ukuba namaphupho amakhulu ezingane zethu. Kuqala ngendaba exoxwayo...





# Story stars

## Libraries matter



For Letta Machoga, the librarian at Makgatho Primary School in Saulsville, Gauteng, libraries are important because they help to build a culture of reading. We spoke to her to find out more about what it takes to run a library.

“They help the learners to become better readers, and they gain some knowledge,” she says. For Machoga, it is imperative to encourage this culture “because reading is important whether you read for knowledge or fun – it stimulates the brain.”

### What are some of the challenges of running a library?

Some children are just not motivated to read and space can be a problem too but our library works at overcoming these challenges by having a library committee that is part of every decision the school makes concerning the library. To encourage the children to read, we have competitions, including Best Reader of the Month. During Readathon Week, we have a contest to see how many books each child can read in just one week. The children have to write a short summary of the books that they have read then we count up how many books each child has read and announce the winners at assembly.

### What kind of books do the children read the most?

The younger children always enjoy fairy tales.

### How do you encourage adults at your school to also get involved with reading?

We have a book club for the teachers. They get together every second week and chat about the books they have read or are busy reading.

### Being a librarian is difficult at times but what makes it all worthwhile for you?

At the end of each day, seeing a smile on the children’s faces and knowing that I have made a difference somehow.



To nominate an individual, organisation or even yourself as a Story Star, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) and complete our online nomination form or email your nomination to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org)

# Abavelele ezindabeni

## Ibalulekile imitapo yezincwadi

Imitapo yezincwadi ibalulekile kuLetta Machoga, ongumsebenzi emtatsheni wezincwadi eMakgatho Primary School eSaulsville, eGauteng, ngoba isiza ukuthuthukisa isiko lokufunda. Sixoxisane naye ukuze sithole kabanzi mayelana nokuthi yini oyidingayo ukuze uphathe umtapo wezincwadi.

“Isiza abafundi ukuthi babe abafundi abangcono, futhi bathola nolwazi,” kusho yena. Kubalulekile kuMachoga ukuthi kugqugquzelwe leli siko “ngoba ukufunda kubalulekile noma ufundela ulwazi noma ukuzijabulisa – kuxukuza ingqondo!”

### Yiziphi ezinye zezinselele oba nazo ngokuphattha umtapo wezincwadi?

Ezinye izingane azigqugquzelekile ukuthi zifunde, kanti nendawo ekhona ingaba yinkinga nayo, kodwa emtatsheni wezincwadi sisebenzela ukuthi sinqobe lezi zinselelo ngokuba nekomidi lomtapo wezincwadi eliyinxenye yazo zonke izinqumo ezithathwa yisikole ngokuphathelene nomtapo wezincwadi. Ukuze sigqugquzele izingane ukuthi zifunde sinemincintiswano, ehlanganisa obizwa ngokuthi Ofunde Kahle kunabo bonke weNyanga. NgeSonto Lokufunda siba nomncintiswano

wokubona ukuthi zingaki izincwadi ezingafundwa ingane ngayinye ngesonto elilodwa. Izingane kumele zibhale umbiko ofingqiwe ngencwadi eziyifundile bese sibala ukuthi zifunde izincwadi ezingaki bese simemezela abaphumelele embuthanweni wesikole.

### Yiziphi izinhlobo zezincwadi ezifundwa yizingane kakhulu?

Izingane ezincane zijabulela izinganekwane.

### Ubagqugquzela kanjani abantu abadala esikoleni sakho ukuthi bazibandakanye ekufundeni?

Sinethimba lokufunda lothisha. Bahlangana njalo ngemuva kwamasono amabili bese bexoxa ngezincwadi abazifundile noma abazifundayo ngaleso sikhathi.

### Ukusebenza emtatsheni wezincwadi kuba nzima ngesinye isikhathi, ngabe yini ekwenza uqhubeka nakho?

Ukubona ukumamatheka kwezingane kanye nokwazi ukuthi ngenze umehluko othile ekupheleni kosuku ngalunye.

Ukuze uqoke umuntu othile, inhlangotho noma wena uqobo njengoVelele Endabeni, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) bese ugqwalisa ifomu lokuqoka elitholakala ngekhompyutha noma uthumele igama lalowo omqokayo ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org)

### Create your own mini-book Zenzele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
  2. Fold it in half along the black dotted line.
  3. Fold it in half again.
  4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulolu shicilelo.
  2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
  3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
  4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



## Get story active!

After you and your children have read *A good plan*, try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Together talk about plans that you or your children might have had in the past that did not work out quite as expected!
- Ask your children to suggest why they think the friends' plan didn't work the first time.

### If you have 30 minutes...

- Read the story again but this time stop to talk about each of the pictures with your children. Ask them questions that draw their attention to the details in the pictures. For example, 'what do you think they are drawing?' on page 3; 'how do you think the neighbour is feeling?' on page 8 and 'who do you think she is phoning?' on page 9.

- Say this poem together and make up actions to go with the words:

*Build a house with five bricks*

*One, two, three, four, five*

*Put a roof on top*

*And a chimney too*

*When the wind blows through...*

*Whoo, Whoo!*

### If you have one hour...

- With your children, write down a plan for something you want to make together. It could be something you bake or cook or something you build, like a 'house' using chairs, blankets and cushions. Together, write down a list of things you will need and let your children draw a picture of what the finished product will look like! Then make it together.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Isu elihle*, zamani eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- Xoxani ngezinhlelo okungenzeka ukuthi wena noma izingane zakho naninazo esikhathi esedlule ezingazange zisebenze njengoba kwakulindlekile!
- Tshela izingane zakho ukuthi zenze iziphakamiso zokuthi zicabanga ukuthi kungani izinhlelo zomngani zingazange zisebenze esikhathini sokuqala.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- Fundani indaba futhi kodwa manje bese nibuye nima nikhulume ngesithombe ngasinye nezingane zakho. Zibuze imibuzo ezenza ukuthi zibhekisise imininingwane esezithombeni. Isibonelo, 'Nicabanga ukuthi badwebani?' ekhasini lesi-3; 'Ngabe nicabanga ukuthi uzizwa kanjani umakhelwane?' ekhasini le-8 futhi 'Nicabanga ukuthi ushayela bani ucingo?' ekhasini lesi-9.

- Yishoni lo mlolozelo ndawonye bese nenza iminyakazo ehambisana namagama:

*UTutayite wayeyeThekwini egibel' ihhashi*

*Efak' uphaph ezigqokweni, o, yek' uTutayite*

*Waqala ukweq' amangqamngqeshe, waqala ukweq' amangqamngqeshe*

*Waqala ukweq' amangqamngqeshe, waqala ukweq' amangqamngqeshe*

*O, yek' uTutayite!*

### Uma unehora...

- Bhala nezingane zakho isu lokuthile enifuna ukukwenza ndawonye. Kungaba yinto eniyibhakayo noma eniyiphekayo noma into eniyakhayo efana 'nendlu' nisebenzisa izihlalo, izingubo zokulala namakhushini. Bhalani ndawonye uhlu lwezinto enizozidinga bese uvumela izingane zakho zidwebe isithombe sokuthi uzophuma kanjani umkhqizo osuphelele! Bese niwenzela ndawonye.

### What are they saying?

This picture is from page 2 of *A good plan*. What might each of the friends be saying? Write their words in the speech bubbles.

### Bathini?

Lesi sithombe siphuma ekhasini lesi-2 lencwadi ethi *Isu elihle*. Ngabe uthini umngani ngamunye? Bhala amazwi abo emabhamuzeni enkulamo.



### Unscramble the words

The letters in these words have got all jumbled up! Put them in the correct order to make words from the story.

s e f d r n i

f \_\_\_\_\_

n n p g n l i a

p \_\_\_\_\_

s s s s i c r o

s \_\_\_\_\_

e m e u s a r

m \_\_\_\_\_

r p u o

p \_\_\_\_\_

m m r h e a

h \_\_\_\_\_

### Misa kahle amagama

Izinhlamvu zamagama kula magama zixutshiwe! Zimise zilandelane kahle ukuze zakhe amagama asendabeni.

angabani

a \_\_\_\_\_

ehullo

u \_\_\_\_\_

kesilei

i \_\_\_\_\_

lkaa

k \_\_\_\_\_

hetla

t \_\_\_\_\_

ndosia

i \_\_\_\_\_

Izimpendulo: obangani, uhlelo, isikele, kaka, ihela, isando

Answers: friends, planning, scissors, measure, pour, hammer



## Story corner

Here is a story for you to read-aloud or tell. It is about an excellent but selfish baker, Mr Shabangu.

### The smell thief (Part 1) Retold by Joanne Bloch

Mr Shabangu was the best baker in town. Every morning he woke up at four o'clock to mix and knead the dough for his famous buns, cakes and biscuits. By eight o'clock the people of the town were walking past the bakery on their way to work and school and the most delicious smells wafted out of the bakery's windows. Many of the people went into the bakery to buy their breakfast. Mr Shabangu smiled happily at them as he passed them the fresh, tasty cinnamon buns and warm, golden biscuits that were so famous in the town.

But other people were not so lucky. Because they had so little money, the poorer people of the town could hardly ever afford to buy any of the delicious buns, cakes and biscuits. All they could do, was enjoy the lovely smells that drifted out of the bakery windows. When Mr Shabangu noticed these people sniffing the air near the bakery, it made him furious. 'How dare they sniff my delicious smells!' he said. 'Those are MY smells. If people want to smell my wonderful smells, they should pay for them!' He huffed and puffed and turned back to the oven to bake some bread for his lunchtime customers.

One old woman, Ma Shange, especially loved the smells from the bakery. Ma Shange slept on a bench in the park every night. A few weeks before, a kind person had given her the money to buy a cinnamon bun. She had taken the bun back to the park and eaten it very slowly, smacking her lips and sharing the last crumbs with the birds. After that, the woman who didn't have enough money to buy another bun, walked slowly past Mr Shabangu's bakery every morning, sniffing the air and smiling at the mouth-watering smell.

Ma Shange's new habit made the baker very angry. As each day went by, he grew angrier with her. Finally, one wintry morning when he was in an especially bad mood, he stormed out of his bakery and grabbed the old woman by the arm. 'How dare you steal my smells!' he shouted. 'You're nothing but a smell thief!'

**Do you think Mr Shabangu will be able to stop Ma Shange from enjoying the delicious smells? Find out next week!**



### In your next Nal'ibali supplement:

- How to tell that your child is learning about books and reading
- Story stars: Brain Feed Reading Club
- Mini-book, *Hic...hic...hiccups!*
- The final part of the read-aloud story, *The smell thief*

Need more resources? Nal'ibali is here to help! Visit the resource section on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) for posters, bookmarks, checklists and tip sheets! You can also find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



Find us on Twitter: @nalibaliSA  
Tholana nathi kwi-Twitter: @nalibaliSA

## Ikhona lezindaba

Nansi indaba emayelana nombhaki onekhono kodwa ozicabangela yedwa, uMnumzane Shabangu, okumele uyifunde kuzwakale noma uyixoxe.

### Ontshontsha iphunga (Ingxenye yoku-1) Ixoxwa kabusha nguJoanne Bloch

UMnumzane Shabangu wayengumbhaki onekhono kakhulu edolobhaneni. Wayevuka ngehora lesine nqo ezimpondweni njalo ekuseni ukuze axove inhlama yamabhanisi, amakhekhe namabhisikidi akhe okudumile. Uma kushaya ihora lesishiyagalombili abantu babedlula ngasesitolo endleleni eya emsebenzini nasesikoleni, futhi kwakuzwakala iphunga elimnandi elaliphuma ngamafasitela esitolo. Abantu abaningi babeyothenga isidlo sabo sasekuseni esitolo. UMnumzane Shabangu wayebabuka emamatheka ngesikhathi ebadlulisela amabhanisi esinamoni amasha namnandi, amabhisikidi asagolide ayedumile edolobhaneni lelo.

Kodwa abanye abantu babengenayo le nhlanhla ayenayo. Ngenxa yokuthi babengenayo imali eningi, abantu abampofu basedolobhaneni babengavamisile ukwazi ukuthenga amabhanisi, amakhekhe namabhisikidi amnandi. Into ebabeyenza nje kuphela kwakungukuthokozela amaphunga amnandi ayephuma ngamafasitela. UMnumzane Shabangu wabona laba bantu behogela eduze nesitolo sakhe, lokhu kwamdina. 'Bahogelani iphunga elimnandi!' kusho yena. 'ELAMI leli phunga. Uma abantu befuna ukuhogela iphunga lami elimnandi, kumele balikhokhele!' Waveva yintukuthelo, waphenduka waya kuhhavini ukuze abhake izinkwa zamakhasimende akhe angesikhathi sesidlo sasemini.

Kwakukhona isalukazi, uMaShange, esasithanda kakhulu iphunga elivela esitolo. UMaShange wayelala ebhentshini elisepaki njalo ebusuku. Emasontweni ambalwa adlule kukhona umuntu onenhliziyo enhle owayemnikeze imali yokuthenga ibhanisi lesinamoni. Wabuyela epaki nebhanisi walidla kancane kancane, ekhotha izindebe zakhe zomlomo, wabelana nezinyoni ngemvuthuluka. Ngemuva kwalokho, owesifazane lo owayengenayo imali eyanele yokuthenga elinye ibhanisi, wadlula eduze kwesitolo sikaMnumzane Shabangu ehamba kancane, ehogela futhi emamathekiswa iphunga eliconsisa amathe.

Umkhuba omusha kaMaShange wamthukuthelisa kakhulu umbhaki. Ngokuhamba kwezinsuku, kwakhula ukumthukuthelisa. Ekugcineni, ngolunye usuku lwasebusika olubandayo wayenolaka olubi, waphuma esitolo sakhe wasidonsa ngengalo isalukazi lesi. 'Ulintshontshelani iphunga lami!' emthethisa. 'Uyisela lephunga wena!'

**Ngabe ucabanga ukuthi uMnumzane Shabangu uzokwazi ukuvimba uMaShange ekuthokozeleni iphunga? Thola lokhu ngesonto elizayo!**

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungabona kanjani ukuthi ingane yakho ifunda ngezincwadi futhi iyafunda.
- Abavelele ezindabeni: I-Brain Feed Reading Club
- Ibhukwana, *Int...int...intwabi!*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *Ontshontsha iphunga*

Ingabe udinga eminye imithombo yolwazi? I-Nal'ibali ingakusiza! Vakashela ingxenye yemithombo yolwazi kuwebhusayithi ethi [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole izithombe, izinto zokubekisa, izinhlu zezinto okufanele zenziwe! Ungasithola naku-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)





*A good plan* is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. All the readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za).

Cambridge University Press  
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)



**CAMBRIDGE**  
UNIVERSITY PRESS  
[www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Drive your  
imagination

CAMBRIDGE


# A good plan Isu elihle



Kerry Saadien-Raad • Sandy Lightley



Some friends had a big, big idea.  
They talked and talked about the idea until  
they were ready.



Abanye abangani babe nomqondo omkhulu  
kakhulu. Bakhuluma baphindaphinda ngalo  
mqondo kwaze kwaba yilesi sikhathi lapho  
sebekulungele lokhu.

The friends drew a picture of a plan.  
They couldn't wait to start. Each of them  
had a job to do.



Abangani badweba isithombe sesu  
labo. Base bekulangazelela kakhulu  
ukuqala. Umuntu ngamunye kubo  
wayenomsebenzi okumele awenze.

"Uncle Bill, I need some wood and this much rope," said Jarrid.

"Yes, I can give them to you. What are you planning to do?" asked Uncle Bill.

"Aah, wait and see," said Jarrid.



"Malume uBill, ngidinga izinkuni kanye nentambo engaka," kusho uJarrid.

"Yebo, ngingakunikeza lokho. Uhlose ukwenzani?" kubuza uMalume uBill.

"Cha, linda, uzobona," kusho uJarrid.

"Dad, I need some tools and a handful of nails," said Mali.

"Yes, I can lend them to you. What are you planning to do?" asked Dad.

"Aah, wait and see," said Mali.



"Baba, ngidinga amathuluzi athile nezipikili," kusho uMali.

"Yebo, ngingakuboleka lokho. Uhlose ukwenzani?" kubuza uBaba.

"Cha, linda, uzobona," kusho uMali.

"Meg, I need to use some material and a pair of scissors. I also need paints and brushes," said Sophie.

"Yes, I can give them to you. What are you planning to do?" asked Meg.

"Aah, wait and see," said Sophie.



"Meg, ngidinga ukusebenzisa indwangu nesikele. Ngidinga futhi upende namabhulashi," kusho uSophie.

"Yebo, ngingakunikeza lokho. Uhlose ukwenzani?" kubuza uMeg.

"Cha, linda, uzobona," kusho uSophie.

"Ma, I need to take some bread, fruit and drinks," said Zeb.

"Yes, of course you can take them. What are you planning to do?" asked Ma.

"Aah, wait and see," said Zeb.



"Mama, ngidinga ukuthatha isinkwa, izithelo neziphuzo," kusho uZeb.

"Yebo, kulungile ungakuthatha konke lokho. Uhlose ukwenzani?" kubuza uMama.

"Cha, linda, uzobona" kusho uZeb.




So the friends worked and worked.  
Sophie cut the material. Zeb made the  
sandwiches. Jarrid tied the rope. Mali  
hammered the nails.



Ngakho laba bangani baqhubeka  
besebenza. USophie wasika  
indwangu. UZeb wenza amasemishi.  
UJarrid wabopha intambo. UMali  
waqongqothela izipikili .

But, oh no! What went wrong?



Kodwa, hhayi bo! Yini  
engahambanga kahle?

So the friends talked again.  
"Let's see if we can make a better plan,"  
said Jarrid.  
They made a list of all the things they  
needed.



Ngakho laba bangani baphinde baxoxa.  
"Ake sibone ukuthi singalenza yini isu  
elingcono," kusho uJarrid.  
Base benza uhla lwezinto ababezidinga.

Then they measured and sawed. They  
sawed and tied. They tied and hammered.



Base beyakala futhi bathunga.  
Babethunga babuye babophe.  
Babebopha futhi bashayele ngesando.

They measured and cut.  
They cut and sewed.



Babekala bese besika.  
Babesika bese bethunga.

They mixed and poured.  
They poured and spread.



Babexuba bese bethela.  
Babethela bese begcoba.

The friends worked and worked until...



Abangani basebenza basebenza  
kwaze kwaba...

...oh wow! Look at it now!  
What a good plan!



... hhayi bo! Ake nikubheke manje!  
Laze lalihle isu!